23. Isaziso sokubhaliswa kwabakhaphi babavakashi, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikeza usizo lokuqeqesha, amahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela nezinto zokusiza abavakashi
24. Ukunqunywa kokuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni
25. Inhloso yokuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni
26. Isicelo sokubhaliswa, ukuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni kw amahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela nezinto zokusiza abavakashi
27. Izibopho zoMbhali maqondana nokuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni kwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela nezinto zokusiza abavakashi
28. Ukukhishwa kwesitifiketi sokubhaliswa
29. Ukushiqilela kohla lwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela nezinto zokusiza abavakashi
30. Ubude besikhathi sokusebenza kokubhaliswa, ukuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni
31. Ukwasulwa kokuqiniswa kwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela nezinto zokusiza abavakashi
32. Ukunikezwa kwelayisense kosebenza ngezokuvakasha, kumkhaphi nomthwali wabavakashi
33. Isicelo sokunikezwa noma sokuvuselelwa kwelayisense
34. Ilayisense Imuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi nomthwali wabavakashi

35. Ukwasulwa kwelayisense lomuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi nomthwali wabavakashi

ISAHLUKO 4

UKWADLULISELA, UKUHLOLWA NOKUKHOKWA KWENHLAWULO

36. Ukubekwa kombhalisi nomabhalane oqokiwe
37. Ukuhlolwa kwamabala
38. Ukubhadalwa kwenhlawulo

ISAHLUKO 5

IZIPHAKAMISO EZEJWAYELEKILE

39. Izinhlelo zesikhashana
40. Ukwaphulwa komthetho nezijeziso
41. Iziqondiso
42. Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza

ISAPHLUKO 1**IZINCAZELO NOKUSETSHENZISWA KWALO MTHETHO****Izincazelo**

- 1 Kulo Mthetho, ngaphandle uma isimo sikhomba okunye -
- "ukuqiniswa" lisho ukuvumelana nezimo zokunquma namazinga ahlelwe yilesi Sigungu;
- "iSigungu" lisho iSigungu seZokuvakasha eGauteng okukhulunywa ngaso kuSigaba 3;
- "uSihlalo" lisho usihlalo walesi Sigungu;
- "uMabhalane Omkhulu weSigungu" lisho uMabhalane Omkhulu welesi Sigungu oqokwe ngokwemibandela yeSigaba 14(1)(a);
- "izindawo zokuhlanganela" lisho lezo zakhiwo kuleli bhizinisi lokunikeza izinsiza zokubambela amankomfa, izinhlanganiso, imibuthano, izinhlanganiso zabanolwazi, izingxoxo ngezifundo ezithize nemibukiso, okungasiyo ingxenye yehhotela noma enye indawo yokulala;
- "umthwali" lisho noma umuphi umuntu noma ibhizinisi elinikeza usizo lokuthwala abagibeli;
- "umabhalane oqokiwe" lisho umuntu oqokwe ngokwemibandela yeSigaba 21(1)(b) salo Mthetho;
- "into yokusiza ezokuvakasha" lisho indawo noma into uMEC ayimemezela ukuba iqokelwe ukusiza abavakashi ngokwesigaba 23;
- "iSigungu seZigele" lisho iSigungu seZigele salesi Sifundazwe;
- "iSikhwama" lisho iSikhwama Sokukhulisa eZokuvakasha;
- "ihhotela" lisho izindawo, lapho noma phezu kwezindawo lapho ibhizinisi elinikeza indawo yokulala nokudla okukhokhelwayo noma indawo eyenzelwe lokho, futhi lifaka phakathi imothela noma ihhotelana noma ibhositela;
- "ilungu elisondele kakhulu lomndeni" lisho umzali, ingane, umfowenu, noma udadewenu;

"inhlawulo" lisho inhlawulo enqunywe ngokwemibandela yesigaba 38;

"iSishayamthetho" lisho iSishayamthetho seSifundazwe seGauteng;

"ilungu" lisho ilungu lalesi Sigungu eliqoke ngokwemibandela yeSigaba 5(1);

"uMEC" lisho ilungu loMkhandlu weSifundazwe elibophezeke ngezindaba zezokuvakasha kulesi Sifundazwe;

"ezinye izindawo zokulala" lisho noma iziphi izindawo ezikhokhelwayo ezisiza umphakathi ngokulala, noma ukudla kuyatholakala noma cha futhi zifaka phakathi umkhumbi noma indlu yomkhumbi, ukulala nokudla kwasekuseni, indlwana enamasondo nepaki lokukanisa, indlu yepulazi, indlu yabavakashi, ihhositela nendawo enamagumbi okulala;

"iSifundazwe" lisho iSifundazwe saseGauteng;

"qokiwe" lisho okuqokwe izimiso futhi 'qoka' linencazelo efanayo;

"uMbhali" lisho umuntu oqokwe ukuba uMbhali wamahhotela, ezinye izindawo zokulala, izindlu zokudlela nezinsiza eziqokiwe ezokovakasha ngokwemibandela yeSigaba 21(1)(a);

"izimiso" lisho izimiso ezenziwe ngaphansi kwalo Mthetho;

"indlu yokudlela" lisho izindawo ezakhiwe futhi zakhelwa ukunikeza umphakathi ukudla okuphekiwe okukhokhelwayo futhi okudlelwa khona kulezo zakhiwo;

"SATOUB" lisho iSouth African Tourism Board elisungulwe ngokwemibandela yesigaba 2 soMthetho weZokuvasha 72 ka 1993;

"othandana naye" lifaka phakathi umuntu ilungu elihlala naye okungathi bashadile noma umuntu ilungu elivamise ukukupita naye;

"Ikomidi Elingasuswa" lisho iKomidi leSishayamthetho eliphethe eZokuvasha;

"lo Mthetho" lifaka phakathi izimiso kanye neminye imithetho eshaywe ilesi Sigungu;

"umkhaphi wabavakashi" lisho noma umuphi umuntu ngenhloso yokuthola isibongo, noma esamali noma esaluphi uhlobo, ohambisana noma umuphi umuntu okhenkethayo noma ovakashela noma iyiphi indawo phakathi kwalesi Sifundazwe futhi onikeza lo mvakashi imininingwane noma othasisela nganoma uluphi udaba;

"osabenza ngezokuvakasha" lisho noma umuphi umuntu oqhuba ibhizinisi lohambokuvakasha noma olwaluphi uhlobo esebenzisa ezakhe noma ezinye ezivunyelwe izithuthi, indizamshini futhi nezinye izinsiza; futhi

“Osebenza ukuqeqesha” lisho noma umuphi umuntu, inhlango noma isikhungo, esinikeza usizo lokuqeqesha, lokuqondisa noma elokufundisa ngaphakathi kwemboni yezokuvakasha kulesi Sifunda.

Ukusetshenziswa kwalo Mthetho

2. Lo Mthetho kufanele usebenze kuso sonke iSifundazwe.

ISAHLUKO 2

ISIGUNGU SEZOKUVAKASHA EGAUTENG

Ukusungulwa kwalesi Sigungu

- 3 Manje kusungulwa umzimba owenziwe samuntu ozokwaziwa ngokuba iSigungu seZokuvakasha eGauteng.

Imisebenzi namandla alesi Sigungu

- 4 Lesi Sigungu kufanele ukuba sibe nala mandla nale misebenzi elandelayo ngaphezu kwamandla noma umsebenzi onikezwayo kulo Mthetho:
- (1) ukuthuthukisa, ukulondoloza nokukhulisa ezokuvakasha;
 - (2) ukukhuthaza ukuthuthuka okisememe, umhlinzeko nokulungisa okusekelekile izinsiza zezokuvakasha kuleSifundazwe futhi, kulelo zinga, ukusungula iziqondiso zokukhulisa ezokuvakasha;
 - (3) ukuphenya nokwenza izincomo kuMEC nganoma uluphi udaba oluthintana nokuthuthukisa, ukukhulisa noma ukukhangisa ezokuvakasha kulesi Sifundazwe;
 - (4) ukuqamba nokusebenzisa imisebenzi nezenzo kuzwe lonke nakuzizwe ngezizwe okuhloswe ngazo ukuheha ezokuvakasha kulesi Sifundazwe;
 - (5) ukukhulisa amasu nokubambisana kwezamabhizinisi kanye neminye imisebenzi yobambiswano nabanye ohulumeni, izingxenye zangasese nezizimele;
 - (6) ukuqondanisa, ukwaluleka, ukuseka nokusebenzisana nezinhlango noma izikhungo izinhloso zazo kuwukuthuthukisa nokukhulisa ezokuvakasha;
 - (7) ukuba ngamalungu nokucela ubulungu nezinhlango zokukhulisa nokukhangisa ezokuvakasha; futhi
 - (8) lesi Sigungu, ngemvumo kukaMEC, singanikeza izimali kunoma uwuphi umsebenzi, ngokubona kwalesi Sigungu, ozophuqula futhi ozothuthukisa ezokuvakasha kulesi Sifundazwe.

Umthethosisekelo walesi Sigungu

- 5 (1) Lesi Sigungu sizokwakiwa ngamalungu angekho ngaphansi kwayisiphohlongo (8) futhi angekho ngaphezu kwayishumi nambili (12), angaqinile futhi alungele,

aqokwe uMEC.

(2) Lesi Sigungu kufanele sibunjwe ngokuba sifake phakathi abameleli bohulumeni wendawo ohlelekile nabameleli abanolwazi -

- (a) lwezindawo zokulala;
- (b) lwezikhungo zokubambela amankomfa;
- (c) lokukhapha abavakashu;
- (d) lokusebenza ezokuvasha;
- (e) lwezezindlu zokudlala;
- (f) lokuthwala abavakashi;
- (g) lwezemsebenzi; futhi
- (h) lwezinto eziqokiwe zezokuvakasha.

(3) Amalungu alesi Sigungu abekwa uMEC ebonisana neKomidi Elingasuswa.

(4) U-MEC kufanele aqoke ilungu elilodwa ukuba uSihlalo, futhi nelinye ilungu ukuba isekela likaSihlalo.

(5) Uma uSihlalo akakho emhlanganweni noma akakhoni ukwenza noma umuphi wemisebenzi kaSihlalo, isekela likaSihlalo walesi Sigungu kufanele asebenze njengosihlalo.

(6) Uma bobabili uSihlalo nesekele likaSihlalo balesi Sigungu kabakho emhlanganweni noma kabakhoni ukwenza noma umuphi wemisebenzi kaSihlalo, amalungu akhona phakathi kwawo azokhetha umuntu phakathi kwawo ukuba asebenze njengosihlalo walo mhlango.

(7) Inani lamalungu alesi Sigungu elenza ukuba umhlangano uqhubeke amashumi ayisihlani ekhulwini (50%) lenani lamalungu esephelele kanye nelungu elilodwa.

(8) U-MEC kufanele -

- (a) abize iziphakamiso zamagama abantu ngokusakaza kuGazethi yeSifundazwe nakwamanye amaphephandaba amane athengiswa kulesi Sifundazwe uma efuna ukuqoka amalungu;
- (b) ashicilele uhla lwamagama abantu ababekiwe futhi ahlele usuku ngalo abantu abafuna ukuphikisana nalokhu kuqokwa bangenza njalo, futhi
- (c) anake izithasiselo noma amazwi aphikisayo awathole maqondana nalokhu kuqoka okusongozwayo.

(9) U-MEC ngesaziso kuGazethi yeSifundazwe futhi nakumaphephandaba amane athengiswa kulesi Sifundazwe kufanele asakaze uhla lwamagama amalungu phakathi kwenyanga eyodwa (1) ngemuva kokuqokwa kwawo.

(10) Ilungu kufanele -

- (a) lifaneleke njengomuntu oqinile futhi olungele; futhi
- (b) libe nolwazi, nezifundo noma nobungcweti kwezokukhulisa nokuthuthukisa ezokuvakasha.

Izimiselo zokusebenza

- 6 (1) Ilungu, ngaphandle komuntu osebenzela uHulumeni, kufanele liqokwe ngaphansi kwalezi zimiselo njengoba zinganqunywa uMEC.
- (2) Ilungu lingaholelwa leli holo nemali enqunyiwe njengoba uMEC enganquma ngokubambisana neLungu loMkhandlu eliphethe ezezimali kulesi Sifundazwe.

Ubude besikhathi sokuba sehhovisi

- 7. (1) Ilunga ngaphansi kwemibandela yeziphakamiso zesigaba 8 no 10, lizosebenza kuleli hhovisi isikhathi esizonqunywa uMEC ngesikhathi liqokwa, kodwa isikhathi esingadluli iminyaka emithathu (3) futhi lizovumeleka ukuphinde liqokwe uma isikhathi salo sokuqala siphela.
- (2) Uma noma ngasiphi isizathu isikhundla selungu sisala sodwa, uMEC angaqoka noma umuphi umuntu njengelungu kule ngxenye esele yokuba sehhovisi kwalelo lungu.

Ukushiya ihhovisi kwelungu

- 8. (1) Ilungu noma ilungu eluwumbambeli kufanele lishiye isikhundla salo uma -
 - (a) liziyekelela;
 - (b) liphathwa ukugula kwengqondo;
 - (c) lidliwa yicala futhi liphonswa ejele ngaphandle kokuthi likhokhe inhlawulo;
 - (d) liba ilungu lePhalamende, leSishayamthetho seSifundazwe, ikhansela kamasipala, leKhabhinethi noma loMkhandlu weSifundazwe; futhi
 - (e) liba ngekho kumihlangano emibili elandelayo ngaphandle kwesizathu esipathekayo.
- (2) U-MEC, noma isiphi isikhathi, angaphelisa isikhathi sokuba sehhovisi kwelungu uma, ngokucabanga kukaMEC, izizathu ezanele zikhona zokuphelisa isikhathi: Kuphela nje uma lelo lungu linikezwa ithuba lokulalelwa.

Ukubeka obala isabelo

9. Ilungu kufanele liveze obala ngokuphelele isabelo esiqondene noma esingaqondene ngqo nezezimali lelo lungu noma elithandana naye noma ilungu lomdeni elisondele kakhulu, elibambisene naye kwezamabhini noma umlingani walo noma umqashi analo kwimboni yezokuvakasha.

Umphumela wokushayisana kwezandiso

10. (1) Ilungu kufanele lingavoti, lingangeneli noma ngayiphi indlela libe mdibi munye nezenzo kunoma umuphi umhlangano noma ukulalela kwalesi Sigungu uma, maqondana nanoma uluphi udaba oluphambi kwalesi Sigungu -
- (a) Iona noma ilungu lomdeni walo, elisebenzisane naye noma umlingani kwezamabhizinisi lingumqondisi, lililungu noma lingumlingani, noma linesandiso sokongamela noma esezimali noma ezinye izandiso, kuleli bhizinisi umfakisicelo afuna ilayisense lalo, ukulibhalisa kwalo, ukuliqinisa, ukuhlelwa kwesimo nobukhulu balo noma iliphi ilungelo noma ilungelomvumo elizonikezwa ilesi Sigungu;
- (b) linanoma isiphi isandiso esilivimbelayo ukuba lenze imisebenzi yalo njengelungu lalesi Sigungu ngendlela elungile, engabandlululi nefanele;
- (c) uma noma kukusiphi isigaba ngesikhathi sanoma yiziphi izenzo ezingaphambi kwalesi Sigungu, kubonakala ukuba ilungu linezandiso noma lingaba nezandiso kukokucetshwa kulesi sigatshana;
- (2) Lapho kukhona ukungabaza ukuba ilungu lenqatshelwa noma alenqatshelwa iziphakamiso zesigatshana (1) lelo lungu kufanele liwushiye umhlangano noma ukulalelwa kodaba ukwenza amalungu asele akhone ukudingida lolu daba futhi anqume ukuba leli lungu livimbelekile na ukubamba ixhaza kukho konke okuqhubekayo kulo mhlango noma lokhu kulalelwa ngesizathu sokushayisana kwezandiso.
- (3) Isinqumo esithathwe ngamalungu asele mayelana nalokhu kunquma ukushayisana kwezandiso, kufanele kubhale kumaminithi alo mhlango.
- (4) Uma noma iliphi ilungu lehluleka ukuveza obala noma isiphi isandiso esicetshwe kusigatshana (1) noma uma, libe linalesi sandiso, lingenela noma ngayiphi indlela liba mdibi munye nalezi zenzo emhlanganweni noma ekulalelweni okufanele, izenzo ezithintekayo zizokwenziwa ize leze: Kuphela nje uma akukho isinqumo ngokwemibandela yalo Mthetho esiqondene nokunikezwa, ukuchitshiyelwa, ukwenziwa busha, ukudluliselwa, ukuchithwa noma ukukhishwa kwelayisense, ukubhaliswa, ukuqinisekiswa, noma ukuhlelwa kwesimo nobukhulu ukusuka lapho kuzokwenziwa kube ngaphandle komthetho.

Isivimbelo samalungu

11. Akukho muntu ozoqokwa ukuba ilungu uma lowo muntu -

- (a) esahluleki sokukhokhela izikwelethu ongabuyiselwe esimoweni;
- (b) engesona isakhamuzi seNingizimu Afrika;
- (c) engesona isakhamuzi salesi Sifundazwe;
- (d) eyisigebengu esesiphila ngobugebengu; futhi
- (e) engaphili kahle ekhanda.

Imihlangano yalesi Sigungu

12. (1) Umhlangano wokuqala walesi Sigungu uzabanjwa ngesikhathi nasendaweni ezonqunywa uSihlalo, futhi emuva kwalokho lesi Sigungu sizoba nomhlangano ngezikhathi nasezindaweni njengoba isikhathi nesikhathi singanquma ukwenza ngokusheshisa umsebenzi waso.
- (2) USihlalo noma isiphi isikhathi, ngesaziso, angabiza umhlangano ongavamile walesi Sigungu ukuba ubanjwe ngesikhathi nasendaweni enqunywe uyena.
- (3) Akukho sinqumo esiqondene nokunikezwa, ukuchitshiyelwa, ukwenziwa kabusha, ukudluliselwa, ukumiswa noma ukuchithwa kwelayisense, ukubhaliswa, ukuqinisekiswa noma ukuhlelwa kwesimo nobukhulu esizothathwa emhlanganweni ongavamile.
- (4) Inani lamalungu alungele ukuba umhlangano walesi Sigungu uqhubeke yiningi lamalungu aso.
- (5) Ilungu ngalinye elikhona kufanele libe nevoti elilodwa kunoma uluphi udaba oluphambi kwalesi Sigungu futhi, uma amavoti elingana, uSihlalo ngaphezu kwevoti lakhe, uzovota futhi ukwahlukanisa lokhu kulingana.
- (6) UMabhalane Omkhulu angangela futhi abe mdibi munye kunoma umuphi umhlangano walesi Sigungu, kodwa angeke abe nelungelo lokuvota.
- (7) Lesi Sigungu kufanele sigcine amaminithi emihlangano yaso.

Amakomidi alesi Sigungu

13. (1) (a) Lesi Sigungu singaqoka amalungu aso angekho ngaphansi kwamabili (2) noMabhalane Omkhulu njengeKomidi leSigungu lalesi Sigungu, elizokwenza le misebenzi yalesi Sigungu njengoba sibona kukhona isidingo.
- (b) Ngaphandle uma lesi Sigungu singaqondisa ngenye indlela, iKomidi leSigungu lingeze laba namandla okubeka eceleni noma isiphi isichibiyelo noma isiphi isinqumo salesi Sigungu.

- (c) Noma isiphi isenzo esenziwe noma isinqumo esithathwe iKomidi leSigungu sizophoxelela futhi sizoba nomphumela ngaphandle uma njengoba sibekwe eceleni noma sichitshiyelwe ilesi Sigungu.
- (2) (a) Lesi Sigungu singaqoka linye noma ngaphezu kwalinye lamakomidi ukuhlola noma iluphi udaba oluthunyelwe kulo ilesi Sigungu;
- (b) IKomidi elishiwo endimaneni (a) kufanele libunjwe ngamalungu amaningi alesi Sigungu noma abaningi abanye abantu, njengoba lesi Sigungu sibona kudingekile, futhi lesi Sigungu singachitha noma siqoke kabusha leli komidi;
- (c) Lesi Sigungu kufanele siqoke ilunga ukuba uSihlalo waleli komidi;
- (d) Uma leli komidi, elishiwo kundimana (a), seliqede umsebenzi walo kufanele lethule umbiko.

Abasebenzi balesi Sigungu

14. (1) Lesi Sigungu kufanele -
- (a) ngokubambisana noMEC, siqoke uMabhalane Omkhulu;
- (b) siqoke abantu ukusiza lesi Sigungu ekwenzeni imisebenzi nasekusebenziseni amandla aso.
- (2) Abasebenzi balesi Sigungu kufanele -
- (a) bathole inkokhelo, imali enqunyiwe nezinye izinzuzo zokusebenza;
- (b) baqokwe ngale mibandela nalezi zimiselo futhi nalezi zikhathi, njengoba lesi Sigungu, ngokubonisana noMEC, banganquma.

Isazi nolunye uncedo

15. Lesi Sigungu singaqoka lezi zazi noma abanye abantu njengoba kudingekile ngenhloso yokusanceda, ukusebenzisa nokwenza amandla, imisebenzi nezibopho zaso.

Ukabiwa kwamandla nokunikezela umsebenzi

16. (1) Lesi Sigungu -
- (a) singaba amandla nemisebenzi yaso ngaphansi kwalo Mthetho kunoma iliphi ilungu lalesi Sigungu, kuMabhalane Omkhulu noma kunoma iliphi ikomidi; futhi

- (b) singanikezela imisebenzi yaso ngaphansi kwalo Mthetho, abantu abacetshwe endimeni (a).
- (2) UMabhalane Omkhulu, ngenhloso yokusebenza okunempumelelo kwalezi ziphakamiso zalo Mthetho -
- (a) angaba amandla anikezwe yena ngaphansi kwalo Mthetho; futhi
- (b) anganikezela umsebenzi onikezwe yena ngaphansi kwalo Mthetho, ngaphandle komsebenzi wokuba umgcini wamabhuku, kunoma iliphi ilungu labasebenzi balesi Sigungu.
- (3) Noma umuphi umuntu owabelwe amandla noma onikezelwe umsebenzi, kufanele asebenzise amandla noma enze lo msebenzi ngaphansi kwemibandela lesi Sigungu esiyibona idingekile.
- (4) Ukunikezelwa noma ukwabelwa -
- (a) kufanele kube ngokubhaliwe;
- (b) akwenqabeli lesi Sigungu noma uMabhalane Omkhulu ukusebenzisa la mandla noma ukwenza lo msebenzi; futhi
- (c) noma kungasiphi isikhathi kungasuswa ngokubhaliwe ilo muntu owakuvumela.

Isikhwama soKuthuthukisa eZokuvakasha

17. (1) Manje kusungulwa isikhwama esizobizwa iSikhwama sokuthuthukisa Ezokuvakasha.
- (2) Ukwenganyelwa nokuphathwa kwalesi Sikhwama kufanele, ngaphansi kwemibandela yeziphakamiso zalo Mthetho, kwethwale lesi Sigungu.
- (3) Lesi Sikhwama sizokwaxhiwa ngokungekho ngaphansi kokungamashumi ayisiphohlono ekhulwini (80%) kwezinhlawulo zonke ezibuthwa ngokwemibandela yalo Mthetho ezinikezwa uMnyango wokulondoloza iNgcobo yeSifundazwe.
- (4) Ngokuvumelana nemibandela yalo Mthetho okungekho ngaphansi kokungamashumi amathathu nantathu ekhulwini (33%) kwalezi Zimali ezishiwo kusigaba 18(1)(a) kuzokwabelwa lesi Sikhwama.

Izikhwama zalesi Sigungu

18. (1) Izikhwama zalesi Sigungu kufanele zifake phakathi -

- (a) okungenani okungamashumi ayisishiya galo mbili (80%) kwazo zonke izinhlawulo ezibuthwe ngokwemibandela yalo Mthetho;
 - (b) ezinye izimali ezinikezelwe iSishayamthetho seSifundazwe; futhi
 - (c) imali eza kulesi Sigubgu evela kunoma uwuphi umthombo owamukelwe uMEC, efaka phakathi imali enqunyiwe ekhokhwa ngokwemibandela yalo Mthetho.
- (2) Lesi Sigungu kufanele, ngezinhloso zokunikezelwa ngentando ezicetshwe kusigatshana (1)(a), sethule kuMEC lezi zilinganiso zokusebenzisa imali nezinye iziphakamiso eziqondene nezindaba zebhajethi, okufaka phakathi uhlelo lwebhizinisi, njengoba uMEC noma uMnyango wokulondoloza iNgcebo yeSifundazwe ungadinga.
- (3) Lesi Sigungu -
- (a) kufanele sivule ibhuku lokulondoloza imali nebhangi elibhalisiwe elizonqunywa iso zonke izimali ezishiwo kusigatshana (1); futhi
 - (b) singasisa imali efakwe ngokwemibandela yendimanyana (a) esingayidingi ukuyisebenzisa masinyane.

Ukugcinwa kwamabhuku

- 19 (1) UMabhalane Omkhulu kufanele ukuba kube uyena ozogcina amabhuku alesi Sigungu.
- (2) Unyaka wezimali walesi Sigungu kufanele ube sekupheleni kwaMashi 31 yonke iminyaka.
- (3) Umgcini wamabhuku ezimali kufanele -
- (a) agcine amalekhodi aphelele nafanele azo zonke izimali ezitholwe noma ezisetshenziswe, amafa, izikwelethu nezivumelwano ezezimali zalesi Sigungu;
 - (b) alandele izinhlelo zokugcinwa nokuhlolwa kwamabhuku, imiyalezo nezidingo zoMnyango wokulondoloza iNgcebo yeSifundazwe; futhi
 - (c) masinyane nje ngesikhathi kukhoneka, kodwa hhayi ngemuva kwezinyanga ezintathu emuva kokuphela konyaka wezimali oshiwo kusigatshana (2), alungise umbiko wokuphela konyaka wezezimali okhombisa, neminingwane efanele, imali etholwe nesetshenziswe ilesi Sigungu ngesikhathi, futhi namafa kanye nezikwelethu ekupheleni kwalowo nyaka wezezimali.

- (4) UMhloli Jikelele wamabhuku kufanele ahlole amabhuku, izitatimende zezezimali, ibhalansishidi kanye namanye emalekhodi alesi Sigungu yonke iminyaka, ngaphandle uma etshelwa okunye uMEC.

Umbiko Wonyaka

20. (1) Lesi Sigungu kufanele, masinyane njengoba uma kukhoneka emuva kokuvalwa konyaka wezezimali kodwa hhayi ngemuva kwezinyanga ezintathu, sethule kuMEC umbiko wokuphela konyaka ngemisebenzi yalesi Sigungu ngesikhathi sokuqhubeka konyaka wezezimali.
- (2) U-MEC kufanele ethule lo mbiko kuSishayamthetho seSifundazwe masinyane nje njengoba kukhoneka.

ISAHLUKO 3**UKUBHALISWA, UKUQINISWA, UKUFAKAZELWA NOKUNIKEZWA ILAYISENSE**

Ukubekwa kukaMbhali noMabhalane oqokiwe

21. (1) Lesi Sigungu -

- (a) kufanele sibeke umuntu ukuba uMbhali wamahhotela, izindawo zokulala, izikhungo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela, izinto eziqokiwe zokusiza ezokuvakasha, abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi nabanikeza usizo lwezokuqeqesha; futhi
- (b) singabeka lona omunye umuntu noma abantu njengoMabhalane noma oMabhalane abaqokiwe njengoba sibona kukhona isidingo.

- (2) Lo Mbhali noMabhalane abaqokiwe kufanele banikezwe izitifiketi ezisayindwe, noma esikhundleni salesi Sigungu, esicacisa ukuba, lona ophethe lesi sitifiketi ubekwe ngokwemibandela yalo Mthetho.

Ukubhaliswa kwabaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha

22. Ngezinhlalo zokusungula iminingwane ephelele yemboni yezokuvakasha, uMbhali kufanele agcine ibhuku lokubhaliswa -

- (a) kwabaqondisi bezokuvakasha
- (b) kwabasebenza ngezokuvakasha
- (c) kwabathwali babavakashi
- (d) kwabanikezi bosizo lokuqeqesha
- (e) kwamahhotela
- (f) kwezinye izindawo zokulala
- (g) kwezikhungo zamankomfa
- (h) kwezindlu zokudlela
- (i) kwezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha

Isaziso sokubhaliswa kwabaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha

23. (1) U-MEC kufanele ngokucetshiswa ilesi Sigungu, ngesaziso kuGazethi yeSifundazwe, futhi ngokusakaza kumaphephandaba amane afundwa kakhulu kulesi Sifundazwe, amemezele ukuba kusukela kulolo suku olushiwo kusaziso, isikhathi esingekho ngaphansi kwezinyanga eziyisithupha ukusukela osukwini okwasakazwa ngalo isaziso, abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha zalelo zinga njengoba kushiwo kulesi saziso, kufanele kubhaliswe.
- (2) Uma ngokubona kwalesi Sigungu, inqubo yokubhalisa ingeqedwe phakathi konyaka oqokwe uMEC ngesaziso kuGazethi yeSifundazwe isikhathi singelulwa.
- (3) Akukho muntu ozoqhuba ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, labasebenza ngezokuvakasha, labathwali babavakashi, labanikezi bosizo lokuqeqesha, lamahhotela, lezezinye izindawo zokulala, lezezikhungo zamankomfa, lezezindlu zokudlela nelezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha lezinga elishiwo kulesi saziso esenziwe ngaphansi kwesigatshana (1) emuva kwalolo suku olunqunyelwe ukubhalisa kulesi saziso, ngaphandle kokuba lokhu kubhalisiwe.

Ukunqunywa kwezidingo zokuqiniswa, zokuhlelwa nokufakwa ezingeni

- 24 (1) Lesi Sigungu kufanele sinqume -
- (a) izidingo okumele zifezekiswe ngaphambi kokuba abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha ukuba kuqiniswa; futhi
- (b) izinhlelo, ukufakwa ezingeni nezidingo okufanele zifezekizwe, ngaphambi kokuba amabhizinisi abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha angafaneleka ukungena kunoma uluphi uhlelo noma izinga.
- (2) Lesi Sigungu kufanele sicebise uMEC ngokunqunywa kwezidingo zokuqiniswa kwamabhizinisi abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha nokuhlelwa kanye nokufakwa ezingeni kwawo.

Inhloso yokuqiniswa, yokuhlelwa nokufakwa ezingeni

25. (1) **Inhloso yokuqiniswa -**

- (a) ukuthola amazinga aqondene nembali yezokuvakasha;
- (b) ukwenza ukuba kube khona iziqondiso zokuphatha ezokuvakasha; futhi
- (c) ukukhangisa nokuthuthukisa.

Isicelo sokubhaliswa kwabaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha

26. (1) Umuntu oqhuba ibhizinisi noma ofuna ukuqhuba ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, lamahhotela, lezinye izindawo zokulala, lezikhungo zamankomfa, lezindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha kufanele afake isicelo kuMbhalisi sokubhaliswa kwalokhu futhi angafaka isicelo sokuqiniswa, sokuhlelwa nokufakwa ezingeni kwalokhu, okungaphoqelelwe.

(2) **Isicelo esishiwo kusigatshana (1) kufanele -**

- (a) senziwe ngendlela eqokiwe; futhi
- (b) siphelzelwe imali enqunyiwe.

Imisebenzi yoMbhalisi maqondana namabhizinisi abaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha

- 27 (1) Ngokulandela iziphakamiso zesigatshana (2) uMbhalisi kufanele, uma ngokubona kwakhe izidingo zokuqiniswa -

- (a) zifezekisiwe noma zizofezekiswa, aqinise ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha; noma
- (b) azifezekisiwe noma azizufezekiswa, enqabe ukuqinisa ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha: Kuphela nje uma uMbhalisi angaluqhubela phambili lolu daba ukuba lunakwe futhi ngaleso sikhathi noma izikhathi angazibona zifanelekile.

- (2) **UMbhalisi, ngaphambi kokuba aqinise ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha ngokwemibandela yesigatshana (1) -**
- (a) **angahlola ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha noma enze ukuba lihlolwe umabhalane oqokiwe;**
- (b) **angabiza umbiko kumabhalane wezempilo; futhi**
- (c) **angenza olunye uphenyo ngalolu daba.**
- (3) **Indlu yokudlela ezinze kumabala ehhotela, ingaqiniswa ngokwemibandela yesigatshana (1), akunakwa okunye ukuqiniswa noma ukuhlelwa nokufakwa esigabeni kwalelo hhotela okukhulunywa ngalo kulo Mthetho.**

Ukunikezwa kwezitifiketi

- 28 (1) **UMbhalisi kufanele anikeze umuntu oqhuba ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela nezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha, isitifiketi sokubhaliswa ngendlela eqokiwe.**
- (2) **Uma uMbhalisi elenelisekile ukuba zonke izidingo zokuqiniswa zifezekisiwe, angakhipha isitifiketi sokuqiniswa.**
- (3) **Uma uMbhalisi achitha noma achibiyela ukuqiniswa kwanoma iliphi ibhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela noma ezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha, umuntu oqhuba leli bhizinisi labaqondisi bezokuvakasha, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, abanikezi bosizo lokuqeqesha, emahhotela, ezinye izindawo zokulala, izikhungo zamankomfa, izindlu zokudlela noma ezinye izinto eziqokiwe zokusiza kwezokuvakasha, kufanele ngemuva kwalokho aphindisele isitifiketi sokuqiniswa kuMbhalisi.**

Ukushiqilela kohla lwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela, abaqondisi babavakashi, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi nezinto zokusiza abavakashi nome abanikeza usizo lokuqeqesha

29. Lesi Sigungu kufanele sishiqilele ngezikhathi ezithile, ngendlela esingayinquma, uhla lwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela, abaqondisi babavakashi, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi, izinto zokusiza abavakashi noma abanikeza usizo lokuqeqesha kanye nale mininingwane lesi Sigungu esingayinquma.

Ubude besikhathi sokusebenza kokubhaliswa, ukuqiniswa, ukuhlelwa nokufakwa ezingeni

30. Ukubhaliswa, ukuqiniswa, ukuhlelwa noma ukufakwa ezingeni okwenziwe ngokwemibandela yalo Mthetho, kuyavuselelwa njalo nje emuva konyaka.

Ukwasulwa kokuqiniswa kwamahhotela, ezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, izindawo zokubambela amankomfa, izindlu zokudlela, abaqondisi babavakashi, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi nezinto zokusiza abavakashi noma abanikeza usizo lokuqeqesha

31. (1) Uma izidingo zokuqiniswa zingafezekisiwe, uMbhali anganikeza isaziso lo muntu oqhuba ibhizinisi lamahhotela, lezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, lezindawo zokubambela amankomfa, lezindlu zokudlela, labaqondisi babavakashi, labasebenza ngezokuvakasha, labathwali babavakashi nelezinto zokusiza abavakashi noma labanikeza usizo lokuqeqesha, ukuba afezekise izidingo phakathi kwezinyanga ezintathu ukusukela osukwini lokusakazwa kwesaziso, uma kwahlulekeka lokho uMbhali angachitha lokhu kuqiniswa.
- (2) Lo muntu oqhuba ibhizinisi lamahhotela, lezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, lezindawo zokubambela amankomfa, lezindlu zokudlela, labaqondisi babavakashi, labasebenza ngezokuvakasha, labathwali babavakashi nelezinto zokusiza abavakashi noma labanikeza usizo lokuqeqesha, lelo elikhishelwe isaziso ngokwemibandela yesigatshana (1), ngaphambi kokuphela kwesikhathi esiyizinyanga ezintathu esishiwo kulesi saziso, angenza izikhalazo, ngokubhalwe phansi kuMbhali maqondana nokuchitha okusongozwayo kokuqiniswa kwamahhotela, lezinye izindawo zokulala ezisunguliwe, lezindawo zokubambela amankomfa, lezindlu zokudlela, labaqondisi babavakashi, labasebenza ngezokuvakasha, labathwali babavakashi nelezinto zokusiza abavakashi noma labanikeza usizo lokuqeqesha.
- (3) Uma, ekupheleni kwesikhathi esiyizinyanga ezintathu esishiwo kunoma isiphi isaziso esikhishwe ngokwemibandela yesigatshana (1) noma ekupheleni kwesikhathi esongeziwe saleso sikhathi esivunye uMbhali, lo Mbhali ebona ukuba isidingo esifanele asifezekiswanga, angachitha ukuqiniswa kwehhotela, kwenye indawo yokulala esunguliwe, kwendawo yokubambela amankomfa, kwendlu yokudlela, abaqondisi babavakashi, abasebenza ngezokuvakasha, abathwali babavakashi nelento yokusiza abavakashi noma abanikeza usizo lokuqeqesha futhi kufanele anikeze isaziso ngalokhu.

Ukunikezwa kwelayisense kosebenza ngezokuvakasha, kumqondisi nakumthwali wabavakashi

32. (1) U-MEC kufanele, esebenzisa izicebiso salesi Sigungu -
- (a) amemezele ngesaziso kuGazethi yeSifundazwe ukuba ukusukela kulolo suku njengoba lunganqunywa kulesi saziso, okungekho ngaphansi kwezinyanga ezintathu ukusukela kulolo suku lokusakazwa ngalokhu, la mazinga abasebenza ngezokuvakasha, abakhaphi babavakashi noma abathwali babavakashi njengoba kunganqunywa kulesi saziso, kufanele kube khona isidingo ukuba banikezwe ilayisense ilesi Sigungu; futhi
 - (b) kukhonjiswe kulesi saziso, izidingo okufanele zifezekiswe umfakisicelo ofuna leli layisense.
- (2) Ngalolo suku futhi nangemuva kosuku olunqunywe kusaziso esenziwe ngokwemibandela yesigatshana (1), akukho muntu okufanele -
- (a) aqhube ibhizinisi lanoma iliphi izinga lokusebenza ngezokuvakasha noma lokukhapha abavakashi okushiwo kuleso saziso, ngaphandle ngokwemibandela yelayisense lokusebenza ngabavakashi elikhishwe maqondana nalelo bhizinisi; noma
 - (b) asebenze njenganoma iliphi izinga lokuthwala abavakashi elishiwo kuleso saziso, ngaphandle ngokwemibandela yelayisense lokusebenza ngabavakashi elikhishwe maqondana nalelo bhizinisi; noma
 - (c) aqashe noma umuphi umuntu ukusebenza njenganoma iliphi izinga lokuthwala abavakashi elishiwo kuleso saziso noma ngayiphi indlela ngokulandela invumo yelayisense elinikezwe lowo muntu.

Isicelo sokunikezwa noma sokuvuselelwa kwelayisense

33. (1) Noma umuphi umuntu ofuna ukufaka isicelo sokunikezwa noma sokuvuselela ilayisense lokusebenza ngezokuvakasha, lokukhapha abavakashi noma lokuthwala abavakashi angafaka isicelo ngalokhu kuMbhali.
- (2) Isicelo ngokwemibandela yesigatshana (1) kufanele -
- (a) senziwe ngendlela nangesimo esiqokiwe; futhi
 - (b) siphelzelwe imali enqunyiwe.
- (3) Emuva kokuthola isicelo esithunyelwe kuyena ngokwemibandela yesigatshana (1), uMbhali -

- (a) angamukela isicelo futhi angakhipha noma angavuselela ilayisense lokusebenza ngezokuvakasha, lokukhapha abavakashi noma lokuthwala abavakashi; noma
 - (b) angenqaba ukwamukela isicelo.
- (4) Ukunaka isicelo ngokwemibandela yesigatshana (1), uMbhali kufanele abe nokunaka umbuzo ukuba -
- (a) mayelana nelayisense lokusebenza ngabavakashi, leli bhizinisi lizothintana noma kungenzeka libe nokuthintana okuhle nezokuvakasha kulesi Sifundazwe, uma kubukwa indlela leli bhizinisi eliqhutshwa ngayo noma okucetshwa ukuba lizoqhutshwa ngayo; futhi
 - (b) mayelana nelayisense lokukhapha abavakashi noma lokuthwala abavakashi, lo muntu ofake isicelo sokuba umkhaphi noma umthwali oqinile futhi olungele, uma kubukwa isimilo, ukuqeqeshwa nohlobo lomsebenzi oqhutshwa wuyena futhi leli bhizinisi lizothintana noma kungenzeka libe nokuthintana okuhle nezokuvakasha kulesi Sifundazwe, uma kubukwa indlela leli bhizinisi eliqhutshwa ngayo noma okucetshwa ukuba lizoqhutshwa ngayo.

Ilayisense lomuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi nomthwali wabavakashi

34. Ilayisense lomuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi nomthwali wabavakashi kufanele -

- (a) libe isimo esiqokiwe; futhi
- (b) likhombe -
 - (i) igama nesibongo kanye nekheli lomuntu osebebenza ngezokuvakasha, lomkhaphi wabavakashi noma lomthwali wabavakashi;
 - (ii) uhlobo lwebhizinisi lomuntu osebebenza ngezokuvakasha, lomkhaphi wabavakashi noma lomthwali wabavakashi okufanele alenze; futhi
 - (iii) indawo yokusebenzela lapho umsebenzi ngezokubavakasha, umkhaphi wabavakashi noma umthwali wabavakashi enemvumo yokusebenzela khona;
- (c) lisebenze ubude besikhathi esinqunyiwe.

Ukwasulwa kwelayisense lomuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi nomthwali wabavakashi

- 34: (1) Uma umuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi wabavakashi noma umthwali wabavakashi, ahluleka ukufezekisa izidingo ezinqunyiwe zokunikezwa kwelayisense, uMbhali anganikeza isaziso esidinga ukufezekiswa kwezidingo phakathi kwezinyanga ezintathu ukusukela osukwini okwakhishwa ngaso lesi saziso, ukwahluleka lapho angalesula leli layisense.
- (2) Uma ilayisense lomuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi wabavakashi noma umthwali wabavakashi lesuliwe, umnikazi walo kufanele aliphindisele kuMbhali.

ISIAHLUKO 4**UKWADLULISELA, UKUHLOLWA NOKUKHOKWA KWENHLAWULO****Ukwadlulisa isinqumo esithathwe uMbhalisi**

36. (1) Noma umuphi umuntu onesikhalazo nganoma isiphi isinqumo soMbhalisi maqondana -
- (a) nesicelo sokufakazelwa, sokuqiniswa, sokufakwa ezingeni noma iyiphi into noma sokukhishwa noma sokuvuselelwa kwelayisense ngokwemibandela yalo Mthetho; noma
 - (b) nokwasulwa kwanoma ukuphi ukubhaliswa, ukuqiniswa, ukufakazelwa noma ukuhlelwa noma ilayisense noma ukufakwa ezingeni ngokwemibandela yalo Mthetho;
- phakathi kwezinsuku eziyishumi nesishiya galo mbili (28) ngemuva kokwaziswa ngalesi sinqumo, angadlulisela isikhalazo sakhe kuMEC ngokubhaliwe.
- (2) Umuntu owadlulisa isikhalazo kufanele, uma imali yenhlawulo inqunyiwe yalesi sikhalazo, ethule imali elingana nemali yenhlawulo enqunyiwe kanye nesikhalazo sakhe.
- (3) U-MEC angafuna ukuba uMbhalisi anikeze uMEC izizathu ezibhaliwe ngesinqumo sakhe, futhi namamithi ezinto ezakukhulunywa kuleyo nhlanganiso.
- (4) Lapho isikhalazo esadlulisiwe sesamukelwe -
- (a) isinqumo soMbhalisi kufanele simiswe, kuze isikhalazo esadlulisiwe siqedwe ukudingidwa; noma
 - (b) maqondana nokwenqatshwa kokuvuselela noma iliphi ilayisense, uMEC angelula ukusebenza kwaleli layisense, kuze isikhalazo esadlulisiwe siqedwe ukudingidwa.
- (5) U-MEC kufanele enze umyalezo ofanele.

Ukuhlohlwa kwamabala

37. (1) UMbhalisi noma umbhalane oqokiwe, ngezinhlalo zalo Mthetho -
- (a) futhi noma kungasiphi isikhathi esifanele, angangena kunoma imaphi amageke -

- (i) ehotel, enye indawo yokulala esunguliwe, endawo yokubambela inkomfa, endlu yokudlela, omuntu osebenza ngezokuvakasha, omkhaphi wabavakashi, omthwali wabavakashi, ezinto sokusiza ezokuvakasha eziqokiwe lokho isicelo sokuqiniswa, sokufakwa ezingeni nesokubhaliswa noma ilayisense elikhishelwe khona; noma
- (ii) ehotel, enye indawo yokulala esunguliwe, endawo yokubambela inkomfa, endlu yokudlela, omuntu osebenza ngezokuvakasha, omkhaphi wabavakashi, omthwali wabavakashi, noma into eqokiwe yosizo lwezokuvakasha;

ngemuva kokwazisa lo muntu owengamele la magceke isikhathi sokuwavakashela, enze lokhu kuhlola nokuphenya njengoba ebona kudingekile: Kuphela nje uma engangeni kunoma iliphi igumbi elinanoma umuphi umntu ngaphandle kwemvumo yalowo muntu.

- (b) angabuza noma umuphi umuntu okula magceke, noma kunoma isiphi isikhathi esifanele adinge noma umuphi umuntu ukuba amnikeze noma imaphi amabhuku, izaziso, amalekhodi, noma eminye imibhalo ekula magceke noma eyayikhona kula magceke noma ephethwe noma egcinwe ilo muntu uma, ngokubona kwakhe, ukuhlaziywa kwala mabhuku, izaziso, amalekhodi, noma eminye imibhalo kudingekile ngezinhloso zophenyo lwakhe;
- (c) angahlaziya futhi angenza izicaphuno namakhophi nganoma ngawaphi amabhuku, izaziso, amalekhodi, noma eminye imibhalo eshiwo endimaneni (b).

- (2) UMbhalisi noma umabhalane oqokiwe kufanele, ngokufuna ngenkani kukanoma umuphi umuntu ohlukunyezwe ilolu hlaziyo lwamalekhodi neminye imibhalo eshiwo kusigatshana (1), angaveza lesi sitifiketi esinikezwe yena ngaphansi kwesigaba 21(2).

Ukubhadalwa kwenhlawulo

- 38. (1) U-MEC anganquma inhlawulo ezobhadalwa ngokwemibandela yalo Mthetho maqondana nehhotela, enye indawo yokulala esunguliwe, indawo yokubambela inkomfa, indlu yokudlela, umuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi wabavakashi, umthwali wabavakashi, into eqokiwe yokusiza ezokuvakasha okubhalisiwe;
- (2) Lesi Sigungu, ngokuphathelene nokungalwi enkantolo efanele, singathola futhi inani lale nhlawulo efanele ize kuso ngokwemibandela yalo Mthetho, kumuntu ofanele ukukhokha le nhlawulo.

ISAHLUKO 5**IZIPHAKAMISO EZEJWAYELEKILE****Izinhlelo zesikhashana**

39. (1) Noma umuphi umuntu, uma uqala ukusebenza lo Mthetho, ofakazelwe futhi wafakwa ezingeni njengomuntu osebenza ngabavakashi, umqondisi wabavakashi noma umthwali wabavakashi ngokwemibandela yoMthetho weZokuvakasha, 1993 (uMthetho Namba 72, angaqhubeka asebenze kulesi Sifundazwe.
- (2) Abantu abashiwo kusigatshana (1) kufanele phakathi konyaka uqalile ukusebenza lo Mthetho bafake isicelo selayisense lokusebenza phakathi kulesi Sifundazwe.

Ukwaphulwa komthetho nezijeziso

40. (1) Noma umuphi umuntu -
- (a) ngokubona kwalesi Sigungu, osakaza ngamabomu noma odala noma ovumela ukuba kusakazwe nganoma iyiphi indlela ulwazi olungamanga noma oluyinkohliso macondana nanoma iliphi ihhotela, enye indawo yokulala esunguliwe, indawo yokubambela inkomfa, indlu yokudlela, ibhizinisi lokusebenza ngezokuvakasha, lokukhapha abavakashi, lokuthwala awabavakashi, noma lokusebenza ngezokuvakasha eziqokiwe; noma
- (b) engumuntu okuwumthwalo wakhe ngalokho-ke ahluleka noma enqaba ukukhokha noma iyiphi inhlawulo noma ukubutha futhi/noma ukubuyisela noma iyiphi le nhlawulo ngokwemibandela yalo Mthetho; noma
- (c) obambezela noma ovimbela uMbhalisi noma umabhalane oqokiwe ekusebenziseni amandla akhe noma ekusebenzeni kwakhe izibopho zakhe; noma
- (d) ngamabomu anikeza uMbhalisi noma umabhalane oqokiwe ulwazi olungamanga noma oluyinkohliso; noma
- (g) aphula noma isiphi isiphakamiso salo Mthetho, okungashiwongo noma kukuphi ukuba sikukwaphula umthetho;

uzokwathweswa icala lokwaphula umthetho noma lokukhokhiswa inhlawulo noma lokuvalelwa ejele isikhathi esingadluli iminyaka emibili (2) noma kokubili inhlawulo nokuvalelwa ejele.

- (2) Isinqumo esinikezwe ile nkantolo ngokwemibandela yesigatshana (1), sifanele ukuba sibe nencindezelo nomphumela wesinqumo sobuntu.

Iziqondiso

41. (1) U-MEC ebonisana neKomidi Elingesuswa angenza iziqondiso mayelana nezimo ezilandelayo:
- (a) ukukhokhwa kwenhlawulo umuntu onecala, ukubuthwa kwenhlawulo umuntu okuwumsebenzi wakhe lokhu, indlela yokukhokha, ukubuthwa nokuthumela le nhlawulo kuhhovisi elifanele;
 - (b) imali enqunyiwe ebhadalwa maqondana namalayisense omuntu osebenza ngezokuvakasha, lomkhaphi wabavakashi nelomthwali wabavakashi ngezindlela zokuthola imbuyiselo ngezindleko;
 - (c) isidingo somuntu osebenza ngezokuvakasha, somkhaphi wabavakashi nesomthwali wabavakashi ukunikeza amagalanti, amabhondi noma iyiphi enye inhlobo yesibambiso eyamukelwe ilesi Sigungu, yokufezekisa izibopho zezivumelwano; futhi
 - (d) udaba oluphathelene nezimali, izinhlawulo nezibambiso uMEC azibona zidingekile ukuba ziqokwe.
- (2) U-MEC, ngemuva kokubonisana neKomidi Elingesuswa, angenza iziphakamiso maqondana nezimo ezilandelayo:
- (a) ukwamukela nokungamukeli ukufakwa ezingeni, ukunikeza ilayisense, ukunikeza isitifiketi nokuqiniswa;
 - (b) izimpawu zalezi zigejana ezahlukeneyo namazinga amahhotela abhalisiwe nazo zonke izindawo ezisunguliwe ezidinga ukubhaliswa, ukunikezwa amalayisense, ukufakazelwa nokuqiniswa, futhi nezimo ngaphansi kwazo futhi nendlela okufanele zisetshenziswe ngayo noma ziboniswe ngayo, futhi nokwenqatshelwa ukusetshenziswa noma ukuboniswa ngalokho;
 - (c) amalekhodi namabhuku ezimali azogcinwa inoma iliphi elibhalisiwe ihhotela, indawo yokubambela inkomfa, indlu yokudlela, umuntu osebenza ngezokuvakasha, umkhaphi wabavakashi, umthwali wabavakashi, kanye nenye indawo yokulala nento yokusiza ezokuvakasha;
 - (d) izidingo abantu abaqashwe noma abasebenzana nemboni yezokuvakasha ukuba bangenele izifundo ezithize zokuyalwa noma zokuqeqeshwa, noma abaneziqu ezithize ezingamukelwa ilesi Sigungu.
- (3) Ngokuvumelana nemibandela yezigatshana (1) no (2), uMEC angenza ezinye iziphakamiso yena azibona zidingekile ukuphumelelisa izinhloso zalo Mthetho.

- (4) Iziphakamiso ezenziwe ngokwemibandela yezigatshana (1), (2) no (3) zingenza ukuba kube khona izijeziso zokwaphulwa komthetho
- (5) U-MEC kufanele ashiqilele Iziphakamiso kuGazethi yeSifundazwe.

Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza

42. Lo Mthetho ubizwa uMthetho weZokuvakasha eGauteng, 1998 futhi kufanele uqale ukusebenza ngosuku olunqunywe uNdunankulu ngesimemezelo kuGazethi yeSifundazwe.

n.sotho

THERAMELAO YA PROFENSE YA GAUTENG

MOLAO WA BOETI WA GAUTENG

1998

1. The purpose of this Act is to provide for the establishment of the Gauteng Tourism Board, to regulate the activities of the Board, and to provide for the appointment, powers and functions of the Board.

2. In this Act, unless the context indicates otherwise—

(a) "Board" means the Gauteng Tourism Board established in terms of section 3;

(b) "Chairman" means the person appointed as Chairman of the Board in terms of section 4;

(c) "Member" means a member of the Board appointed in terms of section 4;

(d) "Minister" means the Minister of Tourism, Arts and Cultural Heritage Affairs;

(e) "Tourism" means the activities of the Board in terms of section 5.

GAUTENG TOURISM BOARD

3. There is established a body to be known as the Gauteng Tourism Board, which shall be a juristic person.

4. The Board shall consist of the following members:

(a) the Minister of Tourism, Arts and Cultural Heritage Affairs, who shall be the Chairman of the Board;

(b) the Mayor of Johannesburg;

(c) the Mayor of Sandton;

(d) the Mayor of Pretoria;

(e) the Mayor of Ekurhuleni;

(f) the Mayor of Tlokweng;

(g) the Mayor of Alberton;

(h) the Mayor of Benoni;

(i) the Mayor of Midrand;

(j) the Mayor of Rosslyn;

(k) the Mayor of Fouriesburg;

(l) the Mayor of Germiston;

(m) the Mayor of Durbanville;

(n) the Mayor of Brackenford;

(o) the Mayor of Alberton;

(p) the Mayor of Midrand;

(q) the Mayor of Sandton;

(r) the Mayor of Johannesburg.

MOLAO

